Ngabe kwenzakalani uma imingcele yesifunda sakho sokuvota ishintsha na?

SOUTH AFRICA

Ngezinye izikhathi kuyenzeka ukuthi imingcele yesifunda sokuvota kudingeke ukuthi ishintshwe. Uma lokhu kwenzeka, abavoti ababhalisile kulezo zindawo ezithintekayo kufanele babuye babhalise futhi. Kubalulekile ukuthi ubhalise futhi ukuze ungavoti esifundeni esingafanele. Kudingeka ukuthi ube sesifundeni sokuvota esifanele ukuze ukwazi ukuvotela ikhansela lewadi eliyomela iwadi leyo ohlala kuyo. Ukuze sikusize ukwazi ukwenza lokhu:

- Abasebenzi bakwa-IEC bayovakashela amakhaya alezo zindawo ezithintekile ukuze abantu abahlala kuleyo mizi babhaliswe esifundeni sokuvota esifanele.
- Abasebenzi bakwa-IEC bayochazela abavoti ngokuthi kungani izikhungo zokuvota ziye zashintshwa.

Kungani imingcele yesifunda sokuvota kungenzeka ishintshe na?

Ngesinye isikhathi kuba nesidingo sokuthi kudwetshwe kabusha imingcele yesifunda sokuvota. Lokhu kungenzeka ukuze:

- Abavoti bakwazi ukufinyelela esikhungweni sabo sokuvota kalula.
- IKhomishana Yokhetho ikwazi ukusungula izikhungo zokuvota ezengeziwe ezindaweni lapho abavoti kungadingeka ukuthi bame emigqeni emide ukuze bavote.
- Isifunda sokuvota sibe ngaphakathi emngceleni wewadi kamasipala ezimweni lapho khona imingcele yomasipala nezindawo kumiswe khona kabusha.

IKhomishana Yokhetho isebenzisa izifunda zokuvota ukuhlela ukhetho:

- Abavoti babhaliswa kumqulu wabavoti kazwelonke kusifunda sokuvota.
- Ukwazi ukuthi yibaphi abavoti abakusiphi isifunda sokuvota kwenza ukuthi ukuhlela kube ngcono. Isibonelo nje, kuyasiza ukuhlela inani lamaphepha okuvota adingwa yisikhungo sokuvota ngasinye.
- Ukwazi ukuthi umvoti ngamunye ukusiphi isifunda kuyasiza ukuqinseka ukuthi konke ukuvota okwenziwayo kusemthethweni. **Awuvumelekile ukubhalisa esifundeni sokuvota ongahlali kuso.**

Ngabe yini okudingeka ukuthi yenziwe abavoti abathintekayo?

- Kudingeka wazi ukuthi abasebenzi beKhomishana Yokhetho endaweni yangakini kuyodingeka ukuthi bavakashele ekhaya lakho.
- Laba basebenzi bayozazisa ukuthi bangabasebenzi beKhomishana Yokhetho.

- Kufanele ubabonise umazisi wakho oluhlaza okotshani onamagabelo (ID), umazisi i-*smartcard* ID noma umazisi wesikhashana.
- Kufanele ugcwalise ifomu abakunika lona ukuze bakwazi ukukubhalisa futhi.
- Isikhulu se-IEC siyoskena umazisi wakho noma umazisi wakho oyi-*smartcard*. Leso sikhulu siyobe sesifaka isitikha kumazisi wakho noma, uma unomazisi oyi-*smartcard*, isitikha siyonanyathiselwa efomini. Lobu ubufakazi bokuthi usenzile isicelo sokubhalisa. Isikhulu siyobe sesikunika ikheli lesikhungo sakho sokuvota esisha.

KHUMBULA: Ungalokothi unike isikhulu sokhetho ikheli okungesilona ikheli lakho langempela. **Uma wenza njalo uyobe wenza icala lobugebengu futhi kungenzeka ugwetshwe iminyaka engaye ifinyelele kweyi-10 ubhadla ejele.**

Ngabe kudingeka ukuthi babhalise nini futhi abavoti abathintekayo na?

- Kulolu khetho lukazwelonke nolwezifundazwe oluzayo, uyovakashelwa ekhaya lakho ngoSepthemba 2013.
- Izinsuku okungenzeka nivakashelwe ngazo ziyoba semaphephandabeni endawo. Kuyolethwa amapheshana athile ekhaya lakho.
- Ungakwazi futhi ukuphinda ubhalise ehhovisi le-IEC langakini noma esikhungweni sokuvota ngempelasonto yokubhalisa kawonkewonke ngaphambi kokhetho luka 2014.

KHUMBULA: Angeke ukwazi ukubhalisa ku-inthanethi noma ukubhalisa ngocingo. Kufanele uma uzobhalisa uzifikele **wena siqu sakho**, ungathumeli.

Ukuze uthole ulwazi xhumana ne-IEC

Ihhovisi likazwelonke
Ucingo: 012 622 5700 Ifekisi: 012 622 5784

Isikhungo sezingcingo se-IEC
0800 11 8000 (ngesikhathi sokhetho)

Amahhovisi ezifundazwe

eMpumalanga Kapa
Ucingo: 043 709 4200
Ifekisi: 043 743 4784

eFreyistata
Ucingo: 051 401 5000
Ifekisi: 051 430 4845

eGauteng
Ucingo: 011 644 7400
Ifekisi: 011 644 7448

KwaZulu-Natali
Ucingo: 031 279 2200
Ifekisi: 031 279 2226

eLimpopo
Ucingo: 015 283 9100
Ifekisi: 015 297 2506

eMpumalanga
Ucingo: 013 754 0200
Ifekisi: 013 753 2564

eNyakatho Ntshonalanga
Ucingo: 018 391 0800
Ifekisi: 018 391 0851

eNyakatho Kapa
Ucingo: 053 838 5000
Ifekisi: 053 831 8095

eNtshonalanga Kapa
Ucingo: 021 910 5700
Ifekisi: 021 910 4965

Ku-Inthanethi
iec@elections.org.za www.facebook.com/IECSouthAfrica www.twitter.com/IECSouthAfrica
www.elections.org.za www.youtube.com/IECSouthAfrica